



Masoyise
iTB

Ashluleni i-TB ne-HIV

YAZI AMALUNGelo AKHO KANYE NEZIBOPHO ZAKHO

I-TB EZIMAYINI

I-TB yisifo esinzima eNingizimu Afrika kanye nakwimboni yezimayini. I-TB iyavimbeleka, kanti futhi ingelapheka iphole.

Abanye abaqashi kanye nabasebenzi banezibopho zokuhlenga nokwelaphisa i-TB, nokuvimbela ukuthi ingasabalali kanye nokuqinisekisa ukuthi labo abanayo bayanakekelwa.

Uma kutholakala ukuthi i-TB yakho ibangelwe umsebenzi wakho, kanti futhi ulahlekelwa yiholo, ungaba nalo ilungelo lokuthola isinxephezelo.

YAZI AMALUNGelo AKHO KANYE NEZIBOPHO ZAKHO

- Uma ugula kanti futhi unezimpawu ze-TB, kumele uye ekliniki eseduzane ukuyohlolwa i-TB. Zonke izinkampani zezimayini ezingamalunga e-Chamber of Mines zizibophezele ukwenza ukuthi bonke abasebenzi nosokontleka bahlolwe i-TB, kanye nokukusiza ngokuyelaphisa.
- Uhlolo lulula kanti futhi luyashesha futhi alubuhlungu, kanti futhi alunazindleko kuwe ukulwenza. Uma usheshe wazi ukutni inkinga yini, unga shesha uku thole ukuwelashwa.
- Uma une-TB, kumele uqinisekise ukuthi uphuza yonke imithi ngesikhathi ngaso sonke isikhathi. Uma ungakwenzi lokho, uzothola i-TB enzima kakhulu engelapheki.
- Akukho lutho okulicala ngokuba ne-TB - abantu abaningi iyabangena. Musa ukuyifihlela abalingani osebenza nabo, abangani noma umndeni. Kungenzeka uyithole kubo; kanti futhi kungenzeka nabo bayithole kuwe. Kubalulekile ukuthi osebenza nabo, umndeni noma abangani nabo bayohlolwa.

Association of Mineworkers and Construction Union / Chamber of Mines / Department of Health / Department of Mineral Resources / International Labour Organisation / Mine Health and Safety Council / National Health Laboratory Service / National Institute for Occupational Health / National Union of Mineworkers / Solidarity / South African Business Coalition on Health and AIDS / UASA The Union / The Joint United Nations Programme on HIV/AIDS / World Health Organisation



Masoyise iT^B

Asehluleni i-TB ne-HIV



- Akumele ukuthi uxoshwe ngenxa yokuba ne-TB. Unelungelo lokuthola ilivu yokugula, ngoba inyunyane yakho ixoxisane nokuvumelana nabaqashi bakho, noma lokhu kufakelwe kumthetho wezimo okusetshenzwa ngaphansi kwazo owaziwa ngokuthi yi-Basic Conditions of Employment Act futhi kuzosetshenziswa lesi simo esingcono. Kuzomele uthole isitifikedi ekliniki sokukunikeza ilivu yokugula.
- Umqashi wakho kumele akusize ukwenza isicelo sesinxephezelo uma ufanele ukusithola.
- Kumele ukwazi ukusebenza kodwa lokhu kuya ngesimo sempilo yakho (kanye nokuthola isitifikedi sokufaneleka ukuthi semsebenzini esibizwa ngokuthi yi-Fitness Certificate), uma usuphole ngokwanele ukuthi ngeke usathelela abanye, ngisho noma ngabe usaphuza imithi yokwelashwa.
- Uma ugula kakhulu ungakwazi ukusebenza, ungacela inkampani ukukhipha emsebenzini ngenxa yesimo sezempilo. Noma, inkampani ingathola ukuthi awusenawo amandla okusebenza, ebese iphelisa ikontilaki yakho yokusebenza. Unelungelo lokwenza isikhalazo kumhloli wezempilo (Medical Inspector) kwaboMnyango weziMayini maqondana nesinqumo sokuthi uyekiswe emsebenzini uma ubona lesi sinqumo singafanele. Abezabasebenzi kwinkampani i-HR noma ekliniki, bazokusiza ukwenza lokhu.
- Unelungelo lokuthola iholo lakho elingafakelwe izingezelelo (basic pay) lapho unikezwe ikhefu emsebenzini ngenxa yokuba ne-TB ebangelwe ngumsebenzi. Lokhu kungenzeka ukuthi kungabi yiholo eliphelele ovamise ukulithola lapho usebenza. Uma ulahlekelle yiholo ngenxa yokuba ne-TB noma ezinye izifo ezibangelwe umsebenzi wakho, ungaba nalo ilungelo lokuthola isinxephezelo, kwabesikhwama sezinxephezelo abe-Compensation Fund. Abekliniki noma abezabasebenzi i-HR bangakusiza ukwenza isicelo.



IZIMPAWU ZE-TB

Ukuze kutholakale i-TB, kumele wenze uhlobo lwe-TB. Ezinye zezimpawu ze-TB yilezi: ukukhwehlela isikhathi eside, ukuphelelwa amandla noma ukuzizwa ukhathele, ukuwonda noma ukwehla kwesisindo somzimba, ukungathandi ukudla, ifiva kanye nokujuluka ebusuku.

UNGAKHULUMISANA NOBANI?

- Abe-kliniki
- Abe-HR
- Inyunyane

Association of Mineworkers and Construction Union / Chamber of Mines / Department of Health / Department of Mineral Resources / International Labour Organisation / Mine Health and Safety Council / National Health Laboratory Service / National Institute for Occupational Health / National Union of Mineworkers / Solidarity / South African Business Coalition on Health and AIDS / UASA The Union / The Joint United Nations Programme on HIV/AIDS / World Health Organisation